

ABAKWA-SARS BATHATHA IGXATHU ELIKHULU EKWAKHENI UPHIKO OLUQOQA IZIMALI LWESIMANJE OLUSEBENZA KANGCONO

PRETORIA, ngoMgqibelo, 1 kuNhlolanja 2020 – UPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) luqale uhambo lokwakha uphiko lwakusasa ukusebenza kwalo okuzoncika eminininwaneni yemininingo, amakhompyutha akufundisa ngokwawo, ubuhlakani bobuchwepheshe kanjalo nokuxhumana kwabantu nezinsizakusebenza. Izisebenzi zakwa-SARS zizohlonyiswa ukuze zikwazi ukusebenza kahle kuzo lezi zinguquko ezintsha nezinguquko zendlela yokusebenza.

UKhomishana u-Kieswetter ugcizelela ukuthi: “Angeke siwashaye indiva amandla enhlangano esebenza ngedatha (imininingo) nobuchwepheshe, kanjalo nomthelela okuzoba nawo kusasa ezindaweni zokusebenza. Kodwa singakwazi ukukulungiselela ngokuthi sithathe isinqumo sokusingatha lokhu kusebenzisana phakathi kwabantu nemishini yobuchwepheshe. Namuhla sithatha igxathu lokwakha u-SARS wesimanje osebenza kangcono, uhloniphekile, owethenjwayo futhi oyisibonelo esihle.”

U-SARS wakusasa kumele ukwazi ukuphendula kulesi simo esisha uphinde ukwazi ukuze inhloso yesikhungo yokulekelela uhulumeni akhe umbuso ozoqinisekisa inhlalakahle yabantu baseNingizimu Afrika.

Selokhu ajoyina u-SARS ngoNhlaba wonyaka owedule, uKhomishana u-Edward Kieswetter ubelokhu egqugquzela isidingo sokunyusa amandla obuchwepheshe besikhungo kanye nokuqonda idatha ukuze 'kwenziwe u-SARS wesikhathi esizayo'.

Futhi uKhomishana ubenomkhankaso wokuxhumana nokuxoxisana okunzulu nezisebenzi osekuchaze kwakha kabusha izimpokophelo zamasu akwa-SARS. Lokhu sekwenze kwaba nesidingo esikhulu sokuthi kuqashwe ngaphakathi nangaphandle abantu abayizazi ezinethalente kanye nezikhulu abazobeka u-SARS ezingeni idatha nemishini yobuchwepheshe esikulo emikhakheni yentela neminyango yokuthelisa.

Izimpokophelo zamasu akwa-SARS zibandakanya, phakathi kokunye, ukuhlinzeka ngencazelo nesiqinisekiso ezibophezelweni zentela, ukwenza kube lula kubakhokhintela nakubahwebi ukuba bathobele, ukuhlonza labo abangathobeli nokwenza kube nzima kubo futhi kubadle ephaketheni. Futhi isikhungo siqale inqubo yokwenza izinhlelo zaso zibe ngezamanje ukuze sihlinzeke usizo olusebenzisa ubuchwepheshe kanye nokubuyisela ukwethenjwa umphakathi ekusingathweni kwentela nomnyango wokuthelisa.

Ngenxa yalokhu, abakwa-SARS bakhangise izikhala zomsebenzi ezikhundleni zobuholi kanjalo nezikhulu ezinogqozi lokugcwalisa lezo zikhala zokuba yi-*Chief Data Scientist, Chief Technology Innovation Officer, Chief Financial Officer, Chief Procurement Officer, Director Business Segment: Large & International Taxpayers* (ebeyaziwa nge-Large Business Centre), *Director Individual Segment: Wealthy & Complex Taxpayers*, kanye nabaQondisi (*Directors*) abayisishiyagalolunye kanjalo ne-*Director: Taxpayer Engagement*, ukubala nje abambalwa.

Abakwa-SARS bazimisele ngokukhulisa nokuthuthukisa izisebenzi zangaphakathi ngokuqasha abalezi zikhundla khona ngaphakathi esikhungweni, kodwa uKhomishana ufuna ukusebenzisa leli thuba futhi ukukhulisa okwaziwa nge-*“gene pool”* ngamakhono azoba wusizo esikhatini esizayo kanye nalabo abasenemiqondo esemisha.

“Le nqubo yokuqasha izoqinisekisa ukuzinikela kwabakwa-SARS ohlelweni lwezwe lokwenza ushintsho nokuthuthukisa ukuqasha ngokulingana nokwehlukana ezindaweni zokusebenza,” kusho uKhomishana wakwa-SARS.

U-Kieswetter wengeze ngokuthi: “Asikwazi ukukhuluma nje kuphela nge-*Fourth Industrial Revolution*. Isifikile, kumele siphindaphinde imizamo yethu ukuze sizilungiselele isikhathi esizayo ngokwakha isikhungo esizohlinzeka ngosizo oluhamba phambili kubakhokhintela abathobelayo, kodwa futhi sikwazi nokuhlonza labo abangathobeli sikwenze kubadle ephaketheni futhi kube nzima kubo”.

Uphethe ngokuthi: “Umbono wethu wangowezi-2024 ukwakha u-SARS wesimanje osebenza kangcono, onesithunzi esingabazeki, owethenjwa uhulumeni, umphakathi kanye nozakwethu bamazwe omhlaba.”
Labo abanentshisekelo yokufaka izicelo zalezi zikhala zemisebenzi kumele baye ekhasini lakwa-SARS eliposa izikhala zemisebenzi ku-www.sars.gov.za bese ucofa ku-[Careers](#) ngezansi ngakwesobunxele kwekhasi. Bese ucofa ku-[Join Us](#).